

Indoda Enochoko Iyaphulukiswa!

Izilayezo: Yenza lesi sivivinyo endaweni ethule. Njengoba ufunda imiBhalo, zibone ngeso lengqondo uhilelekile kuleso senzakalo. Sibone ngeso lengqondo. Yizwa amazwi. Zizwe ngendlela abalingiswa abazizwa ngayo. Yenza le ndaba iphile.

Abalingiswa abasemqoka: UNahamani, u-Elisha nentombazane yakwa-Israyeli engashiwongo ngegama.

Indaba efinqiwile: UNahamani, isikhulu sebutho laseSiriya, welashwa isifo esenyanyekayo ngemva kokuba intombazane yakwa-Israyeli isikisele ukuba ayobonana no-Elisha.

1 HLAZIYA ISIGCAWU.—FUNDA EYESI-2 AMAKHOSI 5:1-19.

Ucabanga ukuthi intombazanyana yakwa-Israyeli yayizizwa kanjani njengoba yayithunjiwe, ikude nomndeni wakubo owesaba uNkulunkulu? _____

Yikuphi ukukhungatheka ocabanga ukuthi uNahamani wayenakho—njengoba aye-yindoda esesikhundleni esiphezulu kodwa enesifo esithena amandla? _____

Yimiphi imizwa oyithola engxoxweni phakathi kukaNahamani nezinceku zakhe evesini 11 kuya ku-13? _____

Yikuphi ukushintsha kwesimo sengqondo okubona kuNahamani kusukela evesini 15? _____

2 CWANINGISISA.

Yiziphi izinto okungenzeka zaba nomthelela ekuqhosheni kukaNahamani? (*Phinde ufunde ivesi 1.*) _____

Usebenzisa amathuluzi okucwaninga onawo, thola okuthile ngesifo sochoko ngezikhathi zeBhayibheli.* (Ngokwesibonelo, sasisibi kangakanani? Ingabe sasithathe-

* Isifo sesikhumba esasibizwa ngokuthi isifo sochoko ngezikhathi zeBhayibheli sihlanganisa lokho namuhla okubizwa ngokuthi isifo sika-Hansen.

lana? Saselashwa kanjani?) _____

Ucabanga ukuthi ukuphulukiswa kukaNahamani
kwayithinta kanjani intombazanyana yakwa-Isra-
yeli? _____

Cishe ukusabela kuka-Elisha kwamvivinya ngayi-
phi indlela uNahamani? (Bheka ivesi 10.) _____

**3 SEBENZISA OKUFUNDILE. BHALA LOKHO
OKUFUNDILE MAYELANA . . .**

Nezingozi zokuqhosha. _____

Nokukhuluma ngesibindi ngezinkolelo zakho. _____

Namandla kaJehova okwelapha izifo. _____

**4 YINI EKUHLABE UMXHWELE KAKHULU
NGALOKHU KULANDISA, FUTHI NGANI?**

